

# Ukuchaza Izinkolelo Zakho Ngobutabane

Sebenzisa leli khasi lomsebenzi ukuze ukwazi ukuthola izindlela ezingacasuli zokuchaza izinkolelo zakho.

*“Amazwi enu ngaso sonke isikhathi mawabe nomusa, . . . ukuze nazi ukuthi kufanele nimphendule kanjani umuntu ngamunye.”—Kolose 4:6.*

1

**“Lokho okushiwo iBhayibheli sekuphelelwe isikhathi!”**

?



**NGAPHAMBI KOKUPHENDULA, CABANGA NGALOKHU:**

Ngezinye izikhathi uma abantu bethi iBhayibheli liphelelwe isikhathi, *empeleni* basuke beqonde ukuthi lokho elikufundisayo kuhlukile endleleni abaphila ngayo. Ingabe lo muntu okhuluma naye unomuzwa wokuthi *yonke* imithetho eseBhayibhelini iphelelwe isikhathi—kuhlanganise nokulahla kwalo ukweba, ubufebe nokubulala?—Roma 13:8-10.

Iziphi izinto ezingaba umthelela kulokho akukholelwayo?

Imiphi imibuzo ongayibuza ukuze uthole okwengeziwe ngalokho akucabangayo?

Imiphi imiBhalo ongayisebenzisa?

**ZAKHELE IMPENDULO YAKHO**

**“Lokho okushiwo iBhayibheli sekuphelelwe isikhathi!”**

“Abanye abantu basho njalo. Kodwa mina ngikholelwa okuhlukile ngoba . . . ”

---



---



---

**“Izitabane azikwazi ukuzishintsha –zazalwa zinjalo.”**



**NGAPHAMBI KOKUPHENDULA, CABANGA NGALOKHU:**

IBhayibheli alisho ukuthi umuntu uzalwa enazo yini izifiso zobutabane noma cha. Ngakho esikhundleni sokuphikisana naye *ngebangela* yobutabane, gxila *ekuziphatheni*.

Cabanga ngendlela ongaqhathanisa ngayo. Ikuphi okunye ukuziphatha okungaxila kakhulu kumuntu? Ngokwesibonelo, izAga 29:22 zithi abanye abantu *'bathambekele* entukuthelweni nasekufuthekeni.' Umphostoli uPawulu waze wathi ngaye: “Lapho ngifisa ukwenza okuhle, kukhona okubi kimi.” (Roma 7:21) Ingabe kumelwe senze lokho okufiswa inyama yethu ngaso sonke isikhathi?



Iziphi izinto ezingaba umthelela kulokho akukholelwayo?

---



---



---

Imiphi imibuzo ongayibuza ukuze uthole okwengeziwe ngalokho akucabangayo?

---



---



---

Imiphi imiBhalo ongayisebenzisa?

---



---



---

**ZAKHELE IMPENDULO YAKHO**

“Izitabane azikwazi ukuzishintsha –zazalwa zinjalo.”

“IBhayibheli alisho ukuthi umuntu uzalwa enazo yini izifiso zobutabane noma cha. *Elikushoyo* ukuthi . . .”

---



---



---

“Kumelwe uwushintshe umbono wakho ngobutabane.”

**NGAPHAMBI KOKUPHENDULA, CABANGA NGALOKHU:**

Kungenzeka yini ukuthi lo muntu unomngane noma isihlobo esiyisibane? Ingabe lo muntu ucabanga ukuthi ukulahla *izenzo* zothile kusho ukulahla *lowo muntu* uqobo lwakhe? Ingabe lo muntu *uyawuqonda* ngempela umbono wakho ngobutabane?

**Okunye:** Ingabe abanye banomqondo osabalele uma belindele ukuba ushintshe umbono wakho ufane nowabo?



Iziphi izinto ezingaba umthelela kulokho akukholelwayo?

---



---



---

Imiphi imibuzo ongayibuza ukuze uthole okwengeziwe ngalokho akucabangayo?

---



---



---

Imiphi imiBhalo ongayisebenzisa?

---



---



---

**ZAKHELE IMPENDULO YAKHO**

“Kumelwe uwushintshe umbono wakho ngobutabane.”

“Ngiyaqonda ukuthi kungani ungase uzizwe kanjalo. Kodwa, . . . ”

---



---



---

Ukuze uthole amacebiso engeziwe, bheka incwadi ethi *Intsha Iyabuza—Izimpendulo Ezisebenzayo*, UMqulu 1, Isahluko 23: “Ngingawuchaza Kanjani Umbono WeBhayibheli Ngobungqingili?” Le ncwadi iyatholakala engosini ethi [www.jw.org/zu](http://www.jw.org/zu). Bheka ngaphansi kwesithi **IZINCWADI > IZINCWADI NEZINCWAJANA**.